



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ZULFA.3**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**NOVEMBA 2014**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-6.**

# MORNING SESSION



**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:**

1. Leli phepha lehlukane iswe iziqephu EZINTATHU:  

ISIQEPHU A: Indaba	(50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)
2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka (lungaba imephu/idayagramu, ishadi lemicabango, amagama asemqoka njll). Fundisisa bese ulungisa amaphutha emsebenzini wakho.
6. Qiniseka ukuthi ubhala uhlaka ngaphambi kokubhala indaba yakho.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:  

Amaminithi angama-80: ISIQEPHU A
Amaminithi angama-40: ISIQEPHU B
Amaminithi angama-30: ISIQEPHU C
8. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
9. Bhala izihlokwana ezifanele lapho zidingeka khona.
10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: IZINDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

- 1.1 Engizibona Ngiyikho Eminyakeni Emihlanu Ezayo. [50]
- 1.2 Izinga lezingozi emigwaqweni liphezulu kakhulu. Bhala indaba ngesihloko esithi:
- Izindlela Esinganciphisa Ngazo Izingozi Zemigwaqo. [50]
- 1.3 Umculo ubalulekile kubantu abasha. Bhala indaba ngesihloko esithi:
- Uhlobo Lomculo Engiluthandayo. [50]
- 1.4 Umbono Wami Ngokugqokwa Komfaniswano ('uniform') Ezikoleni. [50]
- 1.5 Ziningi izinto ezenzekayo ezikhombisa ukungaziphathi kahle kwabantu. Bhala indaba uveze ezinye zalezi zinto. Nika indaba yakho isihloko. [50]
- 1.6 Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngaso. Nika indaba yakho isihloko esifanele:

1.6.1



[Icashunwe ku*Destiny Magazine*, Okthoba 2013]

[50]


1.6.2



[Icashunwe ku*Destiny Magazine*, Okthoba 2013]

[50]

1.6.3



[Icashunwe ku-[www.googleimages.com](http://www.googleimages.com)]

[50]

**AMAMAKI ESIQEPHU A:**

**50**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

**2.1 Incwadi Yobungani**

Abazali bomngani wakho bamthengele imoto yohlobo oluphambili. Mbhalele incwadi umbongele uphinde umtshele ukuthi ayiphathe kahle imoto yakhe.

**[30]****2.2 Umlando Ngomufi**

Umfowenu omdala ushone ngokukhulu ukuzuma. Umndeni ukucele ukuthi ubhale umlando wakhe. Bhala umlando ngomufi ozowufunda ngosuku lomngcwabo.

**[30]****2.3 I-Athikhili Yephephandaba**

Bhala i-athikhili yephephandaba ngesihloko esithi:

Ucwaningo Luveza Ukuthi Umakhalekhukhwini Uyisiphazamiso Kubafundi.

**[30]****2.4 Inkulumo-mpendulwano/Ingxoxo**

Ubaba wakho ufuna uqhubeke nezifundo zakho eNyuvesi, wena ubona ukuthi ukufunda kuzokuchithela isikhathi ngoba unekhono/ithalente lokudlala ibhola lezinyawo. Bhala ingxoxo phakathi kwakho nobaba wakho umbonise ukuthi kungakuhle akuvumele uye kodlala ibhola elikhokhelayo.

**[30]****AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**



**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

**3.1 Isikhangisi**

Uvule indawo yokulungisa izinwele nezinzipho. Bhala isikhangisi ozoheha ngaso amakhasimende.

**[20]****3.2 Idayari**

Umndeni uhlele ukuthi nivakashele eKapa izinsuku eziyisi-5 ngamaholide kaDisemba. Bhala idayari uveze enihlele ukukwenza ngalezi zinsuku ezinhlanu enizozihlala khona.

**[20]****3.3 Imiyalelo/Iresiphi**

Umalumekazi wakho kade enivakashele, upheke isitshulu ('stew') esimnandi senyama yenkukhu. Ukucele ukuthi umfundise ukuthi usipheke kanjani. Bhala imiyalelo/iresiphi oyisebenzisile ukusipheka.

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C:**  
**AMAMAKI ESEWONKE**

**20**  
**100**

